

# Isolezwe

ngoMgqibelo

EPHEPHANDABENI LAKUSASA...

**GABI GABI**

Gabi Gabi... okuhlabahlosile okuqukethwe yiphephandaba lakho eliphuma kusasa *Isolezwe ngoMgqibelo*  
ELAWINI LUKAMAGLIMFE

## Balinde imibono ngokutshalwa kwensangu ezodayisa

**PHILI MJOLI**

UNGQONGQOSHE wezoLimo KwaZulu-Natal uMnuz Themba Mthembu uthi akekho umlimi ofike emnyangweni ezofuna ulwazi mayelana nokutshala insangu, selokhu inkantolo yaseWestern Cape yagunyaza ukutshalwa kwayo nyakenye.

Uthe uma esemphakathini uthola imibuzo ngokutshalwa kwensangu ezodayiswa.

"Akukho okubi ngensangu. Inkinga wukuthi sifuna ukuyisebenzisa ngendlela

okungeyona. Abalimi abayeke ukulokhu bethi alukho uhlelo oluqondile lokuthi insangu kumele itshalwe kanjani, abeze emnyangweni namasu," kusho uMthembu.

Ubekhuluma esidlweni sasekuseni nabezindaba kucutshungulwa isabelomali eThekwini izolo. Uthe sebeqalile ukubhala usomqulo ozolawula ezolimo kulesi sifundazwe, iProvincial Master Plan.

Uthe alukho uhlelo olulandelwayo lokuthuthukisa umnotho ngezolimo.

Phakathi kwezinhlelo zomnyango uthi wukunikwa kwabalimi abasathuthuka

izimbewu. Ukhale ngokuthi kunenkinga yokuthi akubhekwa ukuthi uma sekuvuniwe imikhiqizo ishonaphi.

Usomqulo uthi uzocacisa ukuthi umhlaba okulesi sifundazwe uzosetshenziswa kanjani.

UNkk Gugu Zondi, uNobhala weNational Farmers Union (Nafu), esifundazweni ukhale ngokuthi kunenqwaba yabalimi abahleli nombila abangawazi ukuthi bazowudayisa kanjani.

"Abantu bayayidinga impuphu, banawo ummbila kodwa abakwazi ukuzigayela."

Isolezwe Page 6  
June 2018